



Our stories, our heritage

Heritage Day is a time for South Africans to stop and think about who we are as a nation, where we have come from and where we are going. An important part of who we are, is the languages we speak, and the stories we tell and those that have been told to us.

Storytelling is central to our heritage as South Africans, Africans and human beings. As human beings we use stories to remember and to make sense of our lives. We tell each other about our lives using the story form. So, because telling and remembering stories is so easy for us, we can use stories to connect our children to their language, culture and the generations that have come before us. And what's more, as we share and tell stories, we inspire children to want to tell stories themselves – and this is where the literacy magic begins.

Izindaba zethu, ifa lethu

USuku Lwamasiko yisikhathi sokuthi abaseNingizimu Afrika bame bacabange mayelana nokuthi thina singobani njengesizwe, ukuthi siphumaphi nokuthi siya kuphi. Ingxenye ebalulekile yokuthi singobani, yizilimi esizikhulumayo, kanye nezindaba esizixoxayo nalezo esixoxelwe zona.

Ukuxoxa izindaba kuyingqikithi yefa lethu njengabaseNingizimu Afrika, ama-Afrika nanjengabantu. Njengabantu sisebenzisa izindaba ukukhumbula kanye nokwenza umqondo ngempilo yethu. Siyaxoxelana ngempilo yethu sisebenzisa uhlobo lwendaba. Ngakho, ngenxa yokuthi ukuxoxa nokukhumbula izindaba kulula kakhulu kithi, singazisebenzisa izindaba ukuxhumanisa izingane zethu nezilimi zazo, amasiko kanjalo nezizukulwane ezisanduleleyo. Futhi okungaphezu kwalokhu, ngenkathi sabelana futhi sixoxa izindaba, sifakela izingane ugqozi lokuthi nazo zifunde ukuxoxa izindaba ngokwazo – kanti yilapho kuqala khona umlingo wokufunda nokubhala.

Do you want to make sure that your children are getting the most out of your storytelling times? Here are ideas to help deepen and extend their experiences of the stories you tell.

Before

- ★ Sing a song or say a rhyme linked to the content of the story or one of the story characters.
- ★ Ask your children if they know any stories about the kinds of characters that will appear in the story you are about to tell, for example, "Do you know any stories about boys or girls who get lost?" Invite your children to share their memories as well, for example, "Have you ever been lost?"

During

- ★ As you tell the story, stop briefly once or twice to ask, "What do you think will happen next?" When children think about cause and effect, it deepens their understanding about how things work.
- ★ Invite your children to join in the telling of the story by asking them to make sound effects, like knocking on the floor to make the sound of knocking on a door. They can also use

body movements to imitate parts of the story, for example, swaying like trees in the wind.

After

- ★ Many stories focus on how characters deal with challenges that life sends their way. Encourage your children to relate these things to challenges that they face in their own lives, by saying something like, "When I tell this story, it reminds me of how important good friends are. What does it remind you of?"
- ★ Children develop empathy by putting themselves in a character's situation. Help them to do this by asking them to think about why characters behaved in particular ways in the story.
- ★ Invite children to retell the story you have told, or to draw or paint a picture of their favourite part of the story. Or, act out the story with them. These activities help them to deepen their understanding of the story.

Uyafuna ukwenza isiqiniseko sokuthi izingane zakho zizuza okukhulu ngezikhathi zakho zokuxoxa izindaba? Nayi imibono yokusiza ukuzikisa nokwandisa ulwazi lwezindaba ozixoxayo.

Ngaphambi kokuxoxa

- ★ Cula ingoma noma uhaye umlozelo oxhumene nokuqkethwe yindaba okukanye omunye wabalingiswa bendaba.
- ★ Buza izingane zakho ukuthi zikhona yini izindaba ezizaziyo mayelana nohlobo lwabalingiswa abazovela endabeni ozoxoxa ngayo khona maduze nje, ukwenza isibonelo, "Ngabe zikhona izindaba ozaziyo mayelana nabafana noma amantombazane alahlekayo?" Mema izingane zakho ukuthi zabelane nangezikhumbulayo, isibonelo, "Wake waduka?"

Ngesikhathi sokuxoxa

- ★ Ngenkathi uxoxa indaba, yima isikhashana kanye noma kabili ubuze, "Ucabanga ukuthi yini ezolandela?" Ngenkathi izingane zicabanga mayelana nembangela kanye nomphumela, lokho kujulisa ukuqonda kwazo ngokwenzeka kwezinto.
- ★ Cella izingane zakho ukuthi zihlanganyele ekuxoxeni indaba ngokuzicela zenze imisindo, njengokushaya

phansi ukulingisa umsindo wokugqongqoza emnyango. Zingasebenzisa futhi nokunyakaza komzimba ukulingisa izingxenye zendaba, ukwenza isibonelo, ukunyakaza njengezihlahla lapho ziphazanyiswa wumoya.

Ngemuva kokuxoxa

- ★ Izindaba eziningi zigxila ekutheni abalingiswa babhekana kanjani nezinsalelo abazilethelwa yimpilo ezindleleni zabo. Khuthaza izingane zakho ukuthi zixhumanise lezi zinto nezinsalelo ezihlangabezana nazo kweyazo impilo ngokuthi usho okufana nalokhu, "Ngenkathi ngixoxa le ndaba, ingikhumbuzela indlela ababaluleke ngayo abangani abahle. Ikukhumbuzani wena?"
- ★ Izingane zikhula nozwela ngokuthi zizifake ezicathulweni zomlingiswa nesimo akuso. Zisize ukuthi zenze lokhu ngokuzicela ukuba zicabange ngokuthi kungani abalingiswa beziphathe ngezindlela ezithile endabeni.
- ★ Cella izingane ukuthi zixoxe kabusha indaba obuyixoxa, noma zidweba okukanye zicake isithombe sengxenye yendaba eziyithandile. Noma-ke, lingisa indaba nazo. Le misebenzi izozisiza zizikise ukuqonda kwazo indaba.

What's inside?

- ★ The story by our Story Bosso 2016 winner
- ★ Two other stories to enjoy
- ★ A Heritage Day poster on page 2

Yini okungaphakathi?

- ★ Indaba yowaphumelela wethu we-Story Bosso yangowezi-2016
- ★ Ezinye izindaba ezimbili ozozithokozela
- ★ Iphosta YoSuku Lwamasiko ekwikhasi lesi-2



We will be taking a break until the week of 15 October 2017. Join us then for more Nalibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla ziye-15 kuMfumfu kowezi-2017. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNalibali!



Drive your imagination

Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!

Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambeni!



Read to me.



In my language.

Get the most out of the Nal'ibali Supplement

Here are some ideas for using the Nal'ibali Supplement – again and again!



Thola okuningi kakhulu okuphuma kuSithasiselo sikaNal'ibali

Nawa amasu athile okusebenzisa isithasiselo sikaNal'ibali – ngokuphinda, uphinde futhi!

- Make story resources.** Take the pages for the cut-out-and-keep books (pages 5–12) out of the supplement. On your own or with the children make these into books for the children to use. Use the longer Story Corner stories (pages 14 and 15) to create story cards by pasting them onto cardboard and covering them with cling wrap.
- Read aloud.** Use the cut-out-and-keep books as stories to read aloud to your class or reading club. Let the children follow along in their own copies as you read to them. For older children, you can do this with the Story Corner stories too.
- Read in two languages.** Both you and the children can have fun learning to read in two languages. First read the cut-out-and-keep books in your most familiar language and then in the other language.
- Read alone and in pairs.** Let the children choose which cut-out-and-keep book or Story Corner story they would like to read on their own (independent reading) or with another child (paired reading). At your reading club, also invite older children to read to younger children.
- Tell a story.** Familiarise yourself with the Story Corner stories and then tell them to the children in your class or at your reading club.
- Do classroom activities.** Use some of the “Get story active!” ideas that appear in the Nal'ibali Supplement, as classroom activities for your Literacy and/or Life Skills lessons.
- Store the stories.** Need a place to store the cut-out-and-keep books you have made? Reuse ice-cream containers, cereal and shoe boxes, and photocopy paper boxes and lids to store your reading resources. Keep them in a special place in your classroom or at your reading club, so that the children know where to find them if they want to read them.
- Share the news.** Look out for the Nal'ibali News, Nal'ibali Bookshelf, Reading Club Corner and Story Powered Schools features in different editions of the supplement. Cut out these features and display them in the staff room. Or, make a news board somewhere in the school so that parents, children and staff can all find out more about reading for enjoyment.
- Help families learn.** Share information with the children's parents and other caregivers by sending home page 1 of the supplement for them to read.

- Yakha izizinda zezindaba.** Thatha amakhasi ezincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina (amakhasi 5–12) aphuma kusithasiselo. Uwedwa noma nezingane wenze abe yizincwadi ezizosetshenziswa yizingane. Sebenzisa izindaba ezindana zeKhona Lendaba (ikhasi le-14 nele-15) ukwakha amakhadi endaba ngokuwanamathisela ebhodini lamakhadi nangokuwemboza ngesembozo esinamathelayo.
- Funda kuzwakale.** Sebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina njengezindaba ozifunda kuzwakale ekilasini lakho noma ethimbeni lakho lokufunda. Izingane mazilandele kumakhophi azo ngenkathi uzifundela. Kulezo zingane ezindadlana, ungakwenza lokhu futhi nangezindaba zeKhona Lendaba.
- Funda ngezilimi ezimbili.** Wena nezingane ningaba nentokozo ngokufunda ukufunda okubhaliwe ngezilimi ezimbili. Qala ufunde izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina ngolimi enilwejwayele kakhulu bese emva kwalokho kube ngolunye ulimi.
- Funda wedwa nangababili.** Izingane mazikhethe ukuthi iyiphi indaba esikwa ikhishwe bese igcinwa okukanye indaba yeKhona Lendaba ezithanda ukuyifunda ngokwazo (ukufunda ngokuzimela) noma nenye ingane (ukufunda ngababili). Ethimbeni lakho lokufunda, mema futhi izingane ezindadlana ukuthi zifundele izingane ezincanyana.
- Xoxa indaba.** Zejwayeze izindaba zaseKhoneni Lendaba bese uzixoxela izingane ekilasini lakho okukanye ethimbeni lakho lokufunda.
- Yenza imisebenzi yasekilasini.** Sebenzisa eminye yemibono yengosi “Yenza indaba ihlabe umxhwele!” etholakala kuSithasiselo sikaNal'ibali njengemisebenzi yasekilasini ezifundweni zakho zokuFundisa Ukufunda kanye/noma Amakhono Empilo.
- Gcina izindaba.** Ngabe udinga indawo lapho uzogcina khona izincwadi ozenzileyo ozisika uzikhiphe bese uzigcina? Phinda usebenzise iziqukathi zika-ayisikhilimu, zamasiriyeli kanye namabhokisi ezicathulo, namabhokisi ephepha lokufothokhophela kanye nezivalo zawo ukugcina imithombo yokufundwayo. Zigcine endaweni ekhethekile ekilasini lakho noma ethimbeni lakho lokufunda, ukuze izingane zazi ukuthi zizitholaphi uma zifuna ukuzifunda.
- Yabelana ngezindaba.** Bheka izinhlelo zeZindaba zikaNal'ibali, Ishalofu Lezincwadi likaNal'ibali, Ikhona Lethimba Lokufunda kanye nama-Story Powered Schools oshicilelweni olwahlukahlukeni lwesithasiselo. Sika ukhiphe lezi zinhlelo bese ukhangisa ngazo endlini yokuhlanganela othisha. Noma-ke, yenza ibhodi lezindaba ndawana thize esikoleni ukuze abazali, izingane nabanye othisha esikoleni bathole okunye ngokufundela ukuzithokozisa.
- Siza imindeni ifunde.** Yabelana ngolwazi nabazali bezingane kanye nabanye abanakekeli ngokuthumela ekhaya ikhasi loku-1 lesithasiselo ukuze bafunde.

Did you know that you can get copies of this supplement in other languages, or copies of earlier supplements? Go to the “Stories & supplies” section and then scroll down to “Story supplies” on our special Story Powered Schools website: www.storypoweredschools.org.



Uthi ubuwazi ukuthi ungawathola amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi, noma amakhophi ezithasiselo ezanduleleyo? Vakashela ingxenye ethi “Stories & supplies” bese wehla uye ezansi ku-“Story supplies” kusizindalwazi sethu esikhethekile se-Story Powered Schools ku-www.storypoweredschools.org.

Putting stories at the heart of your school ★ Izindaba mazibe yiziko lesikole sakho

Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *Spider, the drummer* (pages 5, 6, 11 and 12) and *Orange* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *The sky is falling down!* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



Spider, the drummer

Winner, Story Bosso 2016

This story is a retelling of a traditional South African story. In it, the people of a small village admire Spider for his drumming skills, but dislike his greediness. They decide to keep a village celebration a secret from Spider so that his greediness doesn't ruin it. But the trouble starts when Spider finds out.

- ★ Ask your children questions that encourage them to think critically about the actions of the villagers and Spider in the story. For example, you could ask:
 - ✿ Do you think the villagers were right to keep the celebration a secret from Spider? Why/why not?
 - ✿ Do you think Spider was right to feel angry at them for keeping the celebration a secret? Why/why not?
- ★ Suggest that your children add to the story. Ask them to imagine what the villagers did after the story ends. When the villagers woke up the next morning, how did they feel about what had happened? What might they have decided to do? Your children could start their new part of the story, with, "The next morning when the villagers woke up ...". Encourage them to write or tell the next part of the story.



Orange

On his visit to the city, a young boy notices all the things around him that are the colour, orange. Younger children will enjoy this book, but you can use it with older children too. Suggest that they read it in their home language first and then in the other language of the supplement.

- ★ As you read the book together, talk about the illustrations. You can ask your children questions like these on each of the pages.
 - ✿ What can you see that is orange in this picture?
 - ✿ What is the boy/the boy's family doing?
 - ✿ What else can you see in the picture?
- ★ Encourage your children to make their own books about a colour. They could draw the pictures themselves or cut them out of magazines. Help younger children by writing down the words and/or sentences that they tell you for their book. Suggest that older children make bilingual books by writing their book in their home language first and then translating it into another language.



The sky is falling down!

Little Chicken is out walking one day when a marula fruit falls on her head. She thinks that the sky is falling down and decides that she must go and warn the chief. Along the way, Little Chicken meets other animals that join her. They are all so busy worrying about the falling sky that they don't realise what danger they are in when they meet Jackal!

- ★ When Little Chicken said that the sky was falling, all her friends believed her without question. Nothing bad would have happened if they had asked Little Chicken questions to help them work out what had really struck her on the head. Ask your children what they think we can learn from this.
- ★ Invite your children to draw or paint a picture to show what it might look like if the sky really was falling down.
- ★ Can your children think of a different ending for this story? Invite them to retell the story in their own way, changing what happened after the animals entered the Jackal's cave.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *USicabucabu*, *umshayisigubhu* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) kanye nethi *Umbala osawolintshi* (ikhasi lesi-7, lesi-8, lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lendaba ethi, *Isibhakabhaka bhu phansi!* (ikhasi le-15). Khettha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

USicabucabu, umshayisigubhu

Isihlabani, kowe-Story Bosso kowezi-2016

Le ndaba ingukuxoxwa kabusha kwendaba yokudabuka yaseNingizimu Afrika. Kuyona, abantu besigodi esincane bayamhlonipha uSicabucabu ngekhono lakhe lokushaya izigubhu, kodwa ababuthandi ubugovu bakhe. Banquma-ke ukumfihlela ngomcimbi othile owawukulesi sigodi ukuze ubugovu bakhe bungezukuwona lo mcimbi. Kodwa inkinga iqala ngenkathi uSicabucabu ekuthola lokhu.

- ★ Buza izingane zakho imibuzo ezikhuthazayo ukuthi zicabange ngokuhlolisisa mayelana neminyakazo yezakhamizi kanye nekaSicabucabu endabeni. Ukwenza isibonelo, ungabuza ukuthi:
 - ✿ Ucabanga ukuthi kwakulungile yini ukuthi izakhamizi zifihlele uSicabucabu mayelana nomcimbi? Kungani kunjalo/kungenjalo?
 - ✿ Ucabanga ukuthi uSicabucabu wayefanele azithukuthelele ngokumfihlela ngomcimbi? Kungani kunjalo/kungenjalo?
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zengeze endabeni. Zicele ukuthi zicabange ngeso lengqondo ukuthi izakhamizi zenzani ngemuva kokuphela kwendaba. Ngenkathi izakhamizi zivuka ngakusasa ekuseni, zazizwa zinjani ngokwenzekile? Yini okungenzeka ukuthi zinqume ukuyenza? Izingane zakho zingaqala ngengxenywe yazo yendaba, ngokuthi, "Ngakusasa ekuseni ngenkathi izakhamizi zivuka ...". Zikhuthaze ukuthi zibhale noma zixoxe ingxenywe ezolandela yendaba.

Umbala osawolintshi

Ngokuvakashela kwakhe edolobheni elikhulu, umfana omncane uye waqaphela zonke izinto ezimzungezile ezinombala osawolintshi. Izingane ezincanyana zizoyithokozela le ncwadi, kodwa ungakwazi ukuyisebenzisa nasezinganeni ezindadlana. Phakamisa ukuthi ziyifunde ngolimi lwazo lwebele kuqala bese emva kwalokho ziyifunda ngolimi lokuthasisela.

- ★ Ngenkathi nifunda incwadi ndawonye, khulumani ngemifanekiso. Ungabuza izingane zakho imibuzo efana nalena ekhasini ngalinye.
 - ✿ Yini oyibonayo enombala osawolintshi kulesi sithombe?
 - ✿ Ngabe wenzani umfana/umndeni womfana?
 - ✿ Yini enye oyibonayo esithombeni?
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zizenzele ezazo izincwadi mayelana nombala. Zingazidwebela izithombe ngokwazo okukanye zizisike kumaphephabhuku. Siza izingane ezincanyana ngokubhala phansi amagama kanye/noma imisho ezikutshela yona nezongena encwadini yazo. Phakamisa ukuthi izingane ezindadlana zenze izincwadi ezilimimbili ngokubhala incwadi yazo ngolimi lwebele kuqala bese ziyihumushela kolunye ulimi.

Isibhakabhaka bhu phansi!

USikhukukazana wayezihambela nje ngolunye usuku ngenkathi kuwa isithelo somganu siwela ekhanda lakhe. Ucabanga ukuthi kuwa bhu phansi isibhakabhaka bese enquma ukuthi kumele ahambe ayoxwayisa inkosi. Esesendleleni, uSikhukukazana uhlangana nezinye izilwane ezihlanganyela naye. Zase zimatasatasa zikhathazwa yisibhakabhaka eswayo ngangokuthi zazingasaboni nokuthi zase zingene engozini engakanani ngokuhlangana neMpungushe!

- ★ Ngenkathi uSikhukukazana ethi isibhakabhaka sasiwa, bonke abangani bakhe babemkholwa ngaphandle kokubuza umbuzo. Akukho lutho olubi olwaluzokwenzeka ukuba babeke bambuza uSikhukukazana imibuzo ukuzisiza ukuthola ukuthi yini ngempela eyayimshaye ekhanda. Buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi yini esingayifunda kulokhu.
- ★ Mema izingane zakho ukuthi zidwebe noma zicake isithombe ukukhombisa ukuthi kwakungabukeka kanjani ukuba isibhakabhaka sasiwa phansi ngempela.
- ★ Ngabe izingane zakho zingacabanga ngesiphetho sendaba esehlukile? Zicele ukuthi zixoxe kabusha indaba ngendlela yazo, ziguqula lokho okwenzekile ngemuva kokuthi izilwane sezingenile emhumeni weMpungushe.

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika, uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi 5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

A cartoon illustration of a man in a life preserver floating in the water, looking up at a crocodile with a human figure inside its mouth.

Teunpfee, gump, gump, gump, teunpfee, gunggungunnn! What was that drumming sound that she could hear? *Teunpfee, gump, gump, gump, teunpfee, gunggungunnn!* The rhythm of the drums made her stand up and dance, and she forgot all about collecting the water. She danced and danced until she was very, very tired.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Winner, Story Bosso 2016
Isihlabani, kowe-Story
Bosso kowezi-2016



Spider, the drummer
USicabucabu, umshayisigubhu

*Nonhlanhla Hadebe
Rico*



Very early in the morning, people started getting ready for the celebration. Quietly, they snuck out of their homes so that Spider would not notice them.

Everyone was very busy preparing all sorts of delicious food and drink, but then they ran out of fresh water. Of course, no feast can be prepared properly without water, so the village elders sent a young girl to the river to fetch some water.

When the girl got to the river's edge, she knelt down and dipped her clay pot into the water. Then ...

Ekuseni ngovivi, abantu bagala bamatasatasa belungiselela umcimbi. Ngesinyenyele, banyonyoba bephuma emakhaya abo ukuze uSicabucabu angaboni.

Wonke umuntu wayematasatasa elungisa zonke izibiliboco zokudla neziphuzo ongase uzicabange, kodwa ngeshwa baphelwa amanzi. Empeleni nje, akukho dli elingalungiselelwa kahle ngaphandle kwamanzi, ngakho abadala basendaweni leyo bathumela intombazanyana emfuleni ukuba iyokha amanzi.

Yathi lapho intombazane ifika osebeni lomfula, yaguqa phansi yafaka emanzini ukhamba lwayo. Kwase ...



“In that case, you may come to our celebration!” said the people and everyone made their way back to the village to start celebrating, leaving Spider to pick up his drums and carry them up the hill.

Just as everyone was about to begin eating and drinking, Spider arrived. This time he was not alone. He had brought his wife and children with him!

What do you think happened next? Well, before the villagers could even say, “Hello!”, the spiders started eating. They didn’t look up or down. They didn’t look left or right. They just shovelled the food into their mouths with their many busy legs until nothing at all was left for the poor villagers – not even a crumb!

The people were stunned. They had been tricked! Quietly, they went back to their huts. Spider had not changed! He was still as greedy as ever!

Here I rest my story.

“Uma kunjalo-ke ungahamba nathi siye emcimbini wethu!” kusho abantu ngenkathi wonke umuntu ephindela emzini wabo ukuze baqale ukuzithokozisa, bashiya uSicabucabu ukuze aqoqe izigubhu zakhe azithwale enyuke intaba.

Lapho wonke umuntu eselungiselela ukuqala ukudla nokuphuza, wafika uSicabucabu. Namuhla wayengahambi yedwa. Wafika chamba nomkakhe nezingane zabo!

Ungacabanga ukuthi yini eyenzeka emva kwalokho? Empeleni, ngaphambi kokuthi izakhamuzi zikwazi nokuthi, “Sanibonani!”, izicabucabu zaqala zangenda ukudla. Azibange zisabheka phezulu noma phansi. Azizange zibheke kwesokunxele noma kwesokudla. Zavele zawolela ukudla emilonyeni yazo ngezinyawo zazo eziningi kwaze kwaphela nya ukudla abantu basemzini bangathola noluncu – abatholanga ngisho imvuthuluka!

Abantu basala beshaqekile. Babephinde baqolwa futhi! Basuka buthule, baphindela ezindwaneni zabo. Kusho ukuthi uSicabucabu wayengashintshanga neze! Wayesalokhu eyigovu nje njengakuqala!

Cosu, cosu, iyaphela.

Tegumpee, gump, gump, gump, tegumpee, gungu-ni-ni! What was that drumming sound that he could hear? *Tegumpee, gump, gump, gump, tegumpee, gungu-ni-ni!* The rhythm of the drums made him stand up and dance, and just like the girl, he forgot all about collecting the water. He danced and danced and danced until he was very, very tired. When the boy didn't return, someone else was sent to the river to collect water ... and then someone else ... and then someone else ... until almost every villager had left the preparations and was at the river's edge.

Tegumpee, gump, gump, gump, tegumpee, gungu-ni-ni! They were all dancing and dancing to the rhythm of the drums.

Eventually one of the villagers managed to stop dancing and said, “Wait! I know whose drumming this is! It's Spider's!”

Tegumpee, gump, gump, gump, tegumpee, gungu-ni-ni! Yini lowo msindo ozwakala njengezigubhu ayewuzwa? *Tegumpee, gump, gump, gump, tegumpee, gungu-ni-ni!*


Izigqi sezigubhu senza umfana wasukuma wasina, wakho hla nya ukukha amanzi. Wasina, wasina, wasina, waze wagcina esekhathele eyimvithi.

Kuthi uma umfana engabuyi, kwathunywa omunye umuntu ukuba ayokha amanzi emfuleni ... kwase kuthunywa omunye ... kwaphinda kwathunywa nomunye ... kwaze kwaba wonke umuntu akasekho emalungiselelweni kodwa usosbeni lomfula.

Tegumpee, gump, gump, gump, tegumpee, gungu-ni-ni! Bonke babesina, besinela isigqi sezigubhu.

Kuthi kudalo omunye wabantu bendawo wakwazi ukuyeka ukusina wathi, “Hhayi, ngeke, yimani! Ngezazi ukuthi ubani lo oshaya isigubhu kanjeli uSicabucabu!”

Beruk is holding two
orange balls.
UBeruk uphethe amabhola
amabili asawolintshi.



Orange Umbala osawolintshi



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust and the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go to www.praesa.org.za.

Ikhiqizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwaThe Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). Ukuthola kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-www.praesa.org.za.



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




It starts with a story...

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi






UMama ugqoke amahliphasi asawolintshi.
UMimi ugqoke isikhindi esisawolintshi.



Baba has an orange razor.
UBaba unensingo
esawolintshi.




Mama's wearing orange slippers. Mimi's wearing orange shorts.



This colour is orange.
Lo mbala usawolintshi.

What other orange things
can you find?
Yiziphi ezinye izinto
ongazithola ezinombala
osawolintshi?



A colorful illustration of a busy street scene. In the foreground, a yellow taxi and a pink car are stopped at a traffic light. A woman in a red dress and a man in a green shirt and hat are standing on the sidewalk. The background shows a cityscape with a large dome and buildings.


$$Z$$



The evening before the celebration, Spider waited until the sun had set and darkness covered every part of the earth. When he was sure that all the villagers were fast asleep, he took his drums and carried them down to the river. Then he hid in the tall summer grass on the river's edge until dawn.

Kusihlwa ngaphambi komcimbi, uSicabucabu wayelinde laze lashona ilanga nobumnyama basibekela zonke izingxenywe zomhlaba.

Lapho esenesiqiniseko sokuthi bonke abantu basendaweni leyo sebele, wathatha izigubhu zakhe wazithwala wagonda le ezansi emfuleni. Wafike wacasha otshanini obude basehlobo osebeni lomfula kwaze kwaba sentathakusa.



A long time ago, when animals could speak human languages, there lived a spider.

Spider was no ordinary creature. He was an excellent drummer and such a seasoned musician that when he drummed, every one of his eight legs would beat a different drum!

Although people in Spider's village really loved his music, there was one thing that they didn't like about him. Whenever there was a celebration, Spider would eat up all the food and there would be nothing left for anyone else.

Kwasukasukela, emandulo ngenkathi izilwane zisakwazi ukukhuluma izilimi zabantu, kwakunesicabucabu esithile.

USicabucabu wayengesona isidalwa esejwayelekile. Wayeyingcweti yokushaya isigubhu nomculi oyigagu ngokwedlulele kangangokuthi uma esesishaya isigubhu sakhe, umlenze wakhe ngamunye walena eyisishiyagalombili wawukwazi ukushaya isigubhu sawo!

Yize noma abantu basendaweni kaSicabucabu babewukhonzile umculo wakhe, kwakunento eyodwa nje ababengayithakaseli ngaye. Njalo uma kunomcimbi othile, uSicabucabu wayevele akudle konke ukudla kungasali nentwanyana nje yokuthi kudle abanye abantu.




But someone didn't know how to keep a secret! It wasn't long before Spider heard that he was the only one not invited to the celebration. He was furious!

"How dare they ignore me like that!" fumed Spider. "I'll teach them a lesson. Now they'll see my true colours." Then he sat down and began to think. He thought and thought, until eventually he had a plan. He knew just what he was going to do.

Ewu, kodwa kukhona owayekhahlelwe yihhashi esifubeni! Kungekudala nje uSicabucabu wabe esezwile ukuthi uyena kuphela owayengamnywanga emcimbini. Wayethukuthile egane unwabu!

"Bangayenza kanjani nje into yokuthi bangizibe kanjalo!" escutba bhe uSicabucabu. "Ngizobafundisa isifundo. Manje bazongifunda bangiqonde." Wabe esehlala phansi, wagala wacabanga. Wacabanga, wacabanga, waze walithola icebo. Wabe esazi kahle ukuthi wayezokwenzani.



One day, the people in the village were preparing for a big celebration. News spread fast and everyone was excited about it. But then they remembered the problem of greedy Spider!

"Let's keep the celebration a secret this time," the villagers said to one another. They all agreed that Spider should never find out.

Langa limbe, abantu bendawo babelungiselela umcimbi omkhulu. Izindaba zasheshe zasabalala futhi wonke umuntu wayejabule ngalezi zindaba. Kepha abantu babuye bakhumbula inkinga yegovu elinguSicabucabu!

"Ake siwushaye inguyazana lo mcimbi kulokhu," kwahlebelana izakhamuzi zendawo. Bonke bavumelana ukuthi uSicabucabu akasoze ezwa ngalolu daba.



"Aha!" shouted everyone. "Spider! Spider! Come out from your hiding place! We know you're here!"

Spider crawled out of the long grass, looking very pleased with himself.

"Why did you make us dance until we were exhausted?" the people asked.

"Well, if you had invited me to the celebration, I wouldn't have," snarled Spider.

"But Spider, the only reason we didn't invite you, is because you are so greedy! You always eat all the food at our celebrations," they explained.

Spider looked down and said, "I'm sorry. I promise you I will change. I won't ever be so greedy again."

"Impela uqinisile!" kwamemeza wonke umuntu. "Sicabucabu! Sicabucabu! Phuma lapho ucashe khona! Siyazi ukuthi ukhona lana!" USicabucabu waphuma oshanini obude, ebukeka egculisekile. Impela ngayekwenzile.

"Kungani usinisa size sikhathale kanje?" kubuza abantu. "Ukuba nje beningimnile emcimbini, bengingeke ngikwenze lokhu," kugawuma uSicabucabu.

"Kodwa-ke Sicabucabu, imbangela yokuba singakumemi, ukuthi wena uyigovu! Njalo nje udla konke ukudla emcimbini yethu," sebecchaza.

USicabucabu wabheka phansi wayesethi, "Ngiyaxolisa. Ngiyethembisa ukuthi ngizoshintsha. Ngeke ngiphinde ngibe yigovu kangaka futhi."

Meet the Chopra family!


We'd like to introduce you to some of our new Nal'ibali characters – Priya and her family!

Priya is 8 years old. She lives with her mother, father, grandfather, grandmother, younger brother and older sister. She is very lucky because all the adults in her home take turns to read to the children! Her sister, Shilpa, who is 11 years old, also reads to her sometimes. Shilpa especially enjoys reading books about famous people. Priya thinks that some of these people seem a bit boring, but she enjoys it when Shilpa reads to her about people who have discovered interesting things about the universe!

Priya and Neo are in the same class at school. They are in Grade 2. They are friends at school and they also spend time together after school. Sometimes when Neo comes over to play at Priya's house, he brings Mbali with him. Then Mbali and Priya's younger brother, Rahul, play together. Priya thinks that Rahul can be a bit bossy towards Mbali, just because he is four years old and she is only two. But, they seem to have lots of fun together – and they make the biggest mess ever! Once they brought buckets of sand inside the house and built a sandcastle on the mat in the lounge!

Priya is also good friends with Bella. They often play together, and every Saturday one of their moms takes both girls to the library. (Noodle usually tries to go too, but dogs are not allowed in the library!) Priya and Bella's favourite game is to dress up as queens and to dress Noodle up too. Then they have a pretend feast of their favourite foods – bananas, biscuits and ice-cream.

How is your family similar to Priya's? How is it different?



Hlangana nomndeni wakwaChopra!

Sithanda ukukwethula kubalingiswa bethu abathile abasha bakaNal'ibali – uPriya nomndeni wakhe!

UPriya uneminyaka eyisi-8 yobudala. Uhlala nonina, uyise, umkhulu, uninakhulu, umfowabo omncane kanye nodadewabo omdala. Unenhlanhla enkulu ngoba bonke abadala ekhaya kubo bayashintshana ngokufundela izingane! Udadewabo, uShilpa, oneminyaka eyi-11 yobudala, naye uyamfundela ngezinye izikhathi. UShilpa ikakhulukazi uyakuthokozela ukufunda izincwadi ezingabantu abadumile. UPriya ucabanga ukuthi abanye balaba bantu baletha isizungu nje, kodwa uyakuthokozela uma uShilpa emfundela mayelana nabantu abavumbulule izinto ezimayelana nomhlaba!

UPriya noNeo basekilasini elifanayo esikoleni. BaseBangeni lesi-2. Bangabangani esikoleni futhi bachitha isikhathi bendawonye sesiphumile isikole. Ngesinye isikhathi uma uNeo eza ezodlala kubo kaPriya, uza noMbali. Emva kwalokho uMbali nomfowabo omncane kaPriya, uRahul, badlala ndawonye. UPriya ucabanga ukuthi uRahul angathanda ukulawula uMbali, ngoba nje yena eneminyaka emine uMbali eneminyaka emibili kuphela. Kodwa-ke, babukeka benokuthokoza okukhulu uma bendawonye – futhi benza ihlazo elikhulu elingakaze libonakale! Ngelinye ilanga baletha amabhakede esihlabathi ngaphakathi endlini base bakha inqaba yesihlabathi kumata egumbini lokuphumula!

UPriya uphinde abe ngumngani omkhulu kaBella. Bavamise ukudlala ndawonye, futhi njalo ngoMgqibelo omunye wonina wahamba nawo womabili la mantombazane waya nawo emtasheni wezincwadi. (UNoodle uvamise ukuzama ukuhamba naye, kodwa izinja azivumelekile emtasheni wezincwadi!) Umdlalo oPriya noBella abawukhonzile ngowokugqoka bafane nezindlovukazi kanye nokugqokisa uNoodle ngokunjalo. Emva kwalokho benze sengathi banomcimbi onokudla abakukhonzile – obhanana, amakhekhe kanye no-ayisikhilimu.

Ufana kanjani umndeni wakho nokaPriya? Wehluke kanjani?

NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

Ikwekwezi FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

Lesedi FM on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

Ligwalagwala FM on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

Munghana Lonene FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

Phalaphala FM on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

RSG on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

Thobela FM on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

Umlhlobo Wenene FM on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

X-K FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

Ku-Ikwekwezi FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

KuLesedi FM ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

KuLigwalagwala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuMunghana Lonene FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

KuPhalaphala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

KuRSG ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuSAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama


KuThobela FM ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

KuUkhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

KuUmlhlobo Wenene FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni


KuX-K FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni

The sky is falling down!



Retold by Wendy Hartmann ★ Illustrations by Magriet Brink and Leo Daly

One sunny day, Little Chicken went out to look for food. She was walking under a clump of marula trees, when suddenly *THWACK!* – a fruit from one of the trees fell on her head.



“Ow! Something fell on my head!” clucked Little Chicken. She looked up and saw nothing but the sky. “Oh my goodness,” said Little Chicken. “It must be the sky. The sky is falling down. I must go tell the chief.” So off she went cluck, cluck, clucking, and then she met Rooster pecking in the field.

Rooster looked up from his pecking. “Where are you going, Little Chicken?” he asked.

“I’m going to tell the chief that the sky is falling down,” explained Little Chicken.

“That’s awful! May I come with you to give the chief this news?” asked Rooster.

“Yes,” said Little Chicken, “you may come with me.”

So Little Chicken and Rooster went to tell the chief that the sky was falling down. They walked along clucking and pecking, and then they met Duck at the edge of the farm dam.

“Where are you going, Little Chicken and Rooster?” asked Duck.

“We’re going to tell the chief that the sky is falling down,” explained Little Chicken.

“That’s awful! May I come with you to give the chief this news?” asked Duck.

“Certainly,” said Little Chicken and Rooster. “Come with us.”

So Little Chicken, Rooster and Duck went to tell the chief that the sky was falling down. They walked along clucking, pecking and quacking, and then they met Goose.

“Where are you going?” asked Goose.

“We’re going to tell the chief that the sky is falling down,” explained Little Chicken.

“May I come with you?” asked Goose.

“Yes,” said Little Chicken, Rooster and Duck.

So Little Chicken, Rooster, Duck and Goose went to tell the chief that the sky was falling down. They walked along clucking, pecking, quacking and honking, and then they met Turkey.



“Where are you all going?” asked Turkey.

“We’re going to tell the chief that the sky is falling down,” explained Little Chicken.

“May I come with you?” asked Turkey.

“Oh yes, of course you may,” said Little Chicken, Rooster, Duck and Goose.

So Little Chicken, Rooster, Duck, Goose, and Turkey all went to tell the chief that the sky was falling down. They walked along, clucking, pecking, quacking, honking and gobbling, and then they met Jackal.

Jackal asked, “Where are you going, Little Chicken, Rooster, Duck, Goose and Turkey?”

“Jackal,” they said, “we’re going to tell the chief that the sky is falling down.”

“Oh! But this is not the way to the chief,” said Jackal. “I know the right way. Shall I show you?”

“Yes, please, Jackal,” they answered.

“Follow me then,” said Jackal. “This way, quickly!”

So Little Chicken, Rooster, Duck, Goose, Turkey and Jackal all went to tell the chief that the sky was falling down. They walked and walked until they came to a narrow and dark hole. Now, this was the door to Jackal’s cave. But Jackal said, “This is the short way to the chief’s kraal. You’ll soon get there if you follow me. I will go first and you must follow me.”

“Thank you,” said Little Chicken, Rooster, Duck, Goose and Turkey.

So Jackal went into his cave. He didn’t go all the way to the end. He stopped halfway and turned around to wait. At last he saw Turkey coming through the dark hole into the cave. Turkey didn’t get very far when suddenly Jackal snapped at him and tore out a whole bunch of feathers.

“Oh no!” gobbled Turkey. “No, no, no!” He turned around to run out of the cave and bumped straight into Goose. Goose turned and bumped into Duck. Duck turned and bumped into Rooster. Rooster turned and bumped into Little Chicken. And Little Chicken? Little Chicken fell *PLOP!* on the ground.



Quickly she jumped up, and then every single one of them ran out of the cave as fast as they could! They ran and ran until at last, puffing and panting, Little Chicken, Rooster, Duck, Goose and Turkey got home safely. And that is where they stayed.

They never trusted Jackal again. Of course, none of them got to the chief’s kraal and no one ever told the chief that the sky was falling down.

And ... guess what? To this very day, it never has.




Isibhakabhaka bhu phansi!

Ixoxwa kabusha nguWendy Hartmann ★ Imidwebo nguMagriet Brink kanye noLeo Daly

Ikhona
lendaba

Ngelinye ilanga elalibalele uSikhukukazana waphuma wayofuna ukudla. Wayehamba ngaphansi kwehlahlana lezihlahla zomaganu, ngokuphazima kweso *KHITHI!* – isithelo esiphuma kwesinye sezihlahla sawela phezu kwekhanda lakhe.



“Eshu! Kukhona okuthile okuwele phezu kwekhanda lami!” kutshiloza uSikhukukazana. Wabuka wayesebheka phezulu akaze abona lutho ngaphandle kwesibhakabhaka. “O, Nkosi yami,” kusho uSikhukukazana. “Kuyoba yisibhakabhaka. Isibhakabhaka siyawa bhu phansi. Kumele ngihambe ngiyotshela inkosi.” Ngakho wahamba etshiyozo, tshiyo, tshiyo emva kwalokho wahlangana noQhude ecoshacosha ensimini.

UQhude waphakamisa ikhanda ekucosheni kwakhe. “Uyaphi, we Sikhukukazana?” kubuza yena.

“Ngizotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa bhu phansi,” kuchaza uSikhukukazana.

“Kwaze kwakubi! Ngingahamba nawe ukuyisa enkosini lezi zindaba?” kubuza uQhude.

“Yebo,” kusho uSikhukukazana, “ungahamba nami.”

Ngakho uSikhukukazana noQhude bahamba bayotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka sasiwa bhu phansi. Bahamba njalo betshiyozo futhi becoshacosha, base behlangana noDada osebeni lwedamu lasepulazini.

“Niyaphi, we Sikhukukazana noQhude?” kubuza uDada.

“Siyotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa bhu phansi,” kuchaza uSikhukukazana.

“Kwaze kwakubi lokho! Ngingahamba nani ukuyonikeza inkosi lezi zindaba?” kubuza uDada.

“Nakanjani,” kusho uSikhukukazana noQhude. “Woza uhambe nathi.”

Ngakho-ke uSikhukukazana, uQhude noDada bahamba bayotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka sasiwa bhu phansi. Bahamba njalo belokhu betshilotshiloza, becoshacosha futhi beklweklweza, emva kwalokho base behlangana noHansi.


“Niyaphi?” kubuza uHansi.

“Siyotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa bhu phansi,” kuchaza uSikhukukazana.

“Ngingakwazi ukuhamba kanye nani?” kubuza uHansi.

“Yebo,” kusho uSikhukukazana, uQhude noDada.

Ngakho uSikhukukazana, uQhude, uDada noHansi bayotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka sasiwa phansi. Ngakho bahamba njalo betshiyozo, becoshacosha, beklweklweza, futhi beheheza, emva kwalokho base behlangana noGalikhuni.



“Niyaphi nonke?” kubuza uGalikhuni.

“Siyahamba siyotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa bhu phansi,” kuchaza uSikhukukazana.

“Ningangivumela ngihambe kanye nani?” kubuza uGalikhuni.

“Ehhe, impela ungeza,” kusho uSikhukukazana, uQhude, uDada kanye noHansi.

Ngakho-ke uSikhukukazana, uQhude, uDada, uHansi, noGalikhuni bahamba bonke bayotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa bhu phansi. Bahamba njalo, betshiyozo, becoshacosha, beklweklweza, beheheza, futhi begubuluza, emva kwalokho babe sebehlalana noMpungushe.

UMpungushe wabuza, “Niya kuphi bo, Sikhukukazana, Qhude, Dada, Hansi nawe Galikhuni?”

“Mpungushe,” kusho bona, “siyahamba siyotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa bhu phansi.”

“Impela! Kodwa le ndlela ayiyi enkosini,” kusho uMpungushe. “Mina ngiyayazi indlela okuyiyo. Nginikhombise yona?”

“Yebo, siyakucela, Mpungushe,” bephendula.

“Ngilandeleni-ke,” kusho uMpungushe. “Masibheke ngapha, ngokushesha!”

Nebala uSikhukukazana, uQhude, uDada, uHansi, uGalikhuni noMpungushe bahamba bonke bayotshela inkosi ukuthi isibhakabhaka siyawa phansi. Bahamba bahamba baze bafika emgodini omncanyana omnyama. Manje, lona kwakungumnyango ongena emhumeni kaMpungushe. Kodwa uMpungushe wayesethi, “Lena yindlela enqamulelayo eya emzini wenkosi. Ngokushesha nizofika khona uma nilandela mina. Ngizongena kuqala bese ningilandela.”

“Siyabonga,” kusho uSikhukukazana, uQhude, uDada, uHansi kanye noGalikhuni.

Nebala uMpungushe wangena emhumeni wakhe. Akangenanga waze wafika ekugcineni. Wama esephakathi nendawo wayesephenduka elinda. Ekugcineni wabona uGalikhuni engena ngembobo emnyama engenela emhumeni. UGalikhuni akahambanga ibanga elitheni ngenkathi uMpungushe emnephula futhi emhlephula isixha sezimpaphe.

“Yo, cha!” kukhala uGalikhuni. “Hhayi, hhayi, hhayi!” Waphenduka wagijima ephuma emhumeni wazithela phezu kukaHansi. UHansi naye waphenduka wazithela phezu kukaDada. UDada waphenduka yena wazithela phezu kukaQhude. UQhude waphenduka wayesezithela phezu kukaSikhukukazana. USikhukukazana yena-ke? USikhukukazana wawa *BHU!* phansi.



Ngokushesha wagxuma waya phezulu, emva kwalokho zonke lezi zilwane ngasinye zabaleka zaphuma emgodini zagijima kakhulu ngokungangamandla azo! Zagijima zagijima kwaze kwathi ekugcineni, sezihfuzela ziphefumulela phezulu, uSikhukukazana, uQhude, uDada, uHansi kanye noGalikhuni bafika ekhaya bephephile. Kanti yilapho babe sebehlala khona.

Abaphindanga bamethemba uMpungushe futhi. Impela, akukho namunye kubo owafika emzini wenkosi futhi akukho namunye owake watshela inkosi ukuthi isibhakabhaka sasiwa bhu phansi.

Futhi ... uyazi ukuthini? Kuze kube namuhla, isibhakabhaka asikaze nje siwe.




Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kukaNal'ibali



1. What words or sentences would you use to describe the spider in the story, *Spider, the drummer*? Write these next to the legs of this spider to create your own poem about the character. Then give your poem a title.

Yimaphi amagama noma imisho ongayisebenzisa ukuchaza isicabucabu endabeni, *USicabucabu, umshayisigubhu*? Bhala lokhu eduze kwemilenze yesicabucabu ukuzisungulela eyakho inkondlo mayelana nalo mlingiswa. Emva kwalokho nikeza inkondlo yakho isihloko.



2. In this picture from *Spider, the drummer*, the villagers are talking about the celebration that they want to keep a secret from Spider. Complete the speech bubbles and thought bubble to show what they are saying and thinking.

Kulesi sithombe esiphuma endabeni *USicabucabu, umshayisigubhu*, izakhamizi zikhuluma ngomgubho ezifuna ukuwugcina uyimfihlo kuSicabucabu. Qedela amabhamuza enkulumo kanye namabhamuza emicabango ukukhombisa ukuthi yini ezayishoyo nezayicabangayo.



3. How many of the animals in the story, *The sky is falling down!* have wings? Can you name them? Zingaki izilwane kwezisendabeni, *Isibhakabhaka bhu phansi!* ezinezimpiko? Ungazisho?

Answers: (3) Five: chicken, rooster, duck, goose, turkey. Zinhlalanu: (3) Isibhakabhaka bhu phansi! ezinezimpiko? Ungazisho?

Don't forget that we will be taking a break until the week of **15 October 2017**. Enjoy the holidays, and join us after the holiday for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Ungakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube isonto langomhla ziyi-15 kuMfumfu kowezi-2017. Thokozela amaholide, bese uhlanganyela nathi ngemva kwamaholide ukuze uthole omunye umlingo wokufunda wakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SW
Sunday
World



Drive your
imagination